
# UKarikiriki umthobisi wabathakathi

Ibhalwe nguRobert Muponde | Imifanekiso ngu-Elizabeth Sparg



Kwakukhona isalukazi esasihlala sodwa eqhugwaneni elalisethambekeni legquma. Abathakathi babesivakashela njalo ebusuku. Babesivakashela begibele izimpisi. Izikhova zazikhanyisela abathakathi indlela ngamehlo azo amakhulu, akhanyayo.

Babehlale benza umsindo omkhulu omubi, bashaye isicabha kuze kube sentathakusa. Izimpisi zazihleka ubusuku bonke kanti-ke izikhova zaziklwebha utshani bokufulela ophahleni. Abathakathi babememeza bethi: “Sagcina kudala ukugibela emhlane wesalukazi. Phuma!”

Isalukazi saqala ukukhala samemeza amadlozi akubo ukuthi asivikele. Abathakathi babegubha, begida egcekeni laso. Baklebhula iningi lezingubo zabo base besina phambi kwesicabha saso. Bahamba kuphela sekuzoba sentathakusa. Abathakathi abangalawuleki abaningi kangaka bakwethu!

Kusenjalo kwaba khona okuluma uzwane lwesalukazi.

Kwakuyigundane, leli elalihlale lingena ngembobo esodongeni. Kwase kukaningi, isalukazi sizama ukulibulala ngoshevu kodwa lalingafi. Hawu, leli gundane bakwethu!

Sagoba ukuze sithathe isicathulo saso kodwa ngaphambi kokuthi silishaye, igundane lakhuluma. "Salukazi esithandekayo, ngizoluma uzwane lwakho ngoxolo. Awuzange ukwazi ukulala, ubusuku obuningi. Manje, awusakwazi nokuyosebenza emasimini akho. Uzobulawa indlala uma ngingakusizi. Salukazi esithandekayo, mina nginesu!"

Ngenxa yokuthi sasixakekile, sacela igundane ukuthi lichaze.



"Ngelinye ilanga ngahamba ngaze ngayofika emgedeni nokuyilapho engabona khona iminyatheliso emikhulu yezinyawo zikaKarikiriki, umbulali wabathakathi oyimpicabadala. kusho igundane.



Wayesethi esalukazini, "Kumele ungene emgedeni ebusuku, uwedwa futhi ungagqoke zicathulo, umemeze igama elithi Karikiriki kathathu, bese uyasina ngenkathi uphuma."

Nembala isalukazi savakashela umgede sase senza lokho esasikutshelwe yigundane. Samemeza sathi, "Karikiriki! Karikiriki! Karikiriki!"

Ngesikhathi sesiphuma, sezwa umsindo wezinyawo ezisilandelayo. Saqala ukugijima. Nezinyawo zaqala ukugijima. Lapho siqalaza ngemuva kwaso, isalukazi sabona izinyawo ezimbili ezinkulu ezazisilandela!

Izinyawo ezinkulu zema ngaphandle kweqhugwane laso lapho esasilindwe khona yigundane. “Izinyawo zodwa? UKarikiriki-ke lowo,” kuchaza igundane.

Bafika ubusuku. Bamemeza abathakathi: “Sagcina kudala ukugibela emhlane wesalukazi!” Baqala ukushaya isicabha saso.

Kusenjalo, uKarikiriki waphuma egijima emathunzini lapho ayecashe khona. UKarikiriki wakhahlela amakhanda abathakathi bawela phansi, baquleka. “Ungaqali ubabulale!” kumemeza isalukazi.

Sasifuna abathakathi bafukuze emasimini aso ngenxa yokuthi yibona ababebangele ukuthi izitshalo zaso zingakhuli kahle ngenxa yokhula. “Kodwa ungababulala uma bengakuvumi lokhu,” kuyalela sona.

Abathakathi abase bebanjiwe bavuma ukusebenza emasimini. Yini enye kodwa ababengayenza? Kodwa ebusuku kuphela. Ukusebenza emini kwakungeke kubalungele; yisona sikhathi ababesidingela ukulala. Futhi, babenomkhuba wokukhumula izingubo zabo, ngakho-ke bonke bakhetha ubusuku.

Isalukazi sasithokozile. “Gundane,” kusho sona, “ngenxa yokuthi usindise impilo yami, ngeke ngisazama ukukubulala ngoshevu futhi. Uma sekuvunwa izitshalo, uzothola isaka lommbila ozowudla.”

Igundane lanswininiziswa injabulo. “Ngizokuvakashela nje ukuzoluma uzwane lwakho ukuze ngizikhumbuze izikhathi zakudala, salukazi esithandekayo!”

Izinyawo zikaKarikiriki zadansa ngenjabulo. Abathakathi abangathokozile bathatha amageja base beluswa uKarikiriki beklewula indlela yonke beqonde emasimini amade. Ngabe kwenzekani ezimpisini nezikhova ezazinga-jabule? Zabuyela ehlathini lapho ezazivele zihlala khona.



Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali

# UKarikiriki umthobisi wabathakathi

Ibhalwe nguRobert Muponde • Imifanekiso ngu-Elizabeth Sparg

## Imibono okungaxoxwa ngayo

Ucabanga ukuthi isijeziso sabathakathi besilungile? Kungani besilungile/besingalungile?

Ucabangani ngemifanekiso esetshenziswe umbhali?

Ucabanga ukuthi ubani iqhawe kule ndaba? Kungani ukhethe lo mdlali?

## Ezibonakalayo

Iyiphi ingxenye yendaba ekuthuse kunazo zonke? Bhala lo mbhalo phakathi nendawo yephepha elikhulu. Dweba izithombe eduze kombhalo ochazayo.

## Ukufunda

Iziphi ezinye izindaba oke wazifunda ezinabathakathi, izilwane ezesabekayo, izimpisi kanye/noma izikhova? Ungathola izindaba eziningi ze-Nal'ibali lapha: **www.nalibali.org.story-resources**. Khetha indaba entsha ozoyifunda. Le ndaba ifana futhi ihluke ngaziphi izindlela kule ka-*UKarikiriki umthobisi wabathakathi?*

## Ukubhala

Bhala ngokwenzeka kule ndaba. Faka nesifushaniso esifushane usho ukuthi kungani ungayitusa noma ungeke uyituse kwabanye abafundi beminyaka yakho nabancane kunawe.

## Umsebenzi wezandla

Sebenzisa amapuleti ephepha noma amakhathoni, upende nezintambo ukuze wenze izifonyo zabadlali bale ndaba.

## Ukusebenza

Lingisa indaba usebenzisa izifonyo ozenzile.